



**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**SEPTEMBER 2020**

**IBANGA LE-12 (Gr 12)**

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-2

UMHLOLI : S.D Ndebele

IMODAREYITHA: T.P. Gabisa

Leli phepha linamakhasi ayi-7

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukane IZIQEPHU EZINTATHU:  
ISIQEPHU A: Indaba (50)  
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (30)  
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo (20)
2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.
3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.
4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Hlela umsebenzi wakho (uhlaka) ngamaphuzu noma ngebalazwe (mind map), ulungise amaphutha bese uyawufundisa. Uhlelo/Uhlaka MALANDULELWE umbhalo ngamunye.
6. Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi uhlelo/uhlaka bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.
7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:  
ISIQEPHU A: Amaminithi angama-60  
ISIQEPHU B: Amaminithi angama-30  
ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30
8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.
9. Nikeza impendulo ngayinye isihloko esifanele
10. Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.
11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**ISIQEPHU A: INDABA****UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**QAPHELA:** Bhala uhlaka lwendaba yakho libe sekhasini lalo lodwa.

- 1.1 Kwangisiza ukulalela abazali. [50]
- 1.2 Ngimile ngilinde imiphumela yami yegazi. [50]
- 1.3 Kuyanda ukugagana kobulili obufanayo. [50]
- 1.4 Ubuhle nobubi bokusebenzisa ezobuchwepheshe esikoleni. [50]
- 1.5 Kumele intsha iinkwe ithuba lokuba abaholi ephalamende. [50]
- 1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko.

**QAPHELA:** Indaba yakho mayihambisane nesithombe/nokwenzeka esithombeni.

1.6.1



[Sicashunwe: [www.gettyimages.com](http://www.gettyimages.com)]

[50]

1.6.2



[50]

[Sicashunwe: [www.googlepictures.com](http://www.googlepictures.com)]

1.6.3



[50]

[Sicashunwe: [www.gettyimages.com](http://www.gettyimages.com)]

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 50**

**ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

**2.1 INCWADI YOMSEBENZI/ESEMTHETHWENI**

Ngonyaka ozayo ufuna ukuyofunda enyuvesi kodwa abazali bakho abanayo imali yokukukhokhela ngoba abasebenzi.

**Bhalela** uMnu. G. Govender onikela ngemifundaze/amabhasari kubafundi ucele akusize. Sebenzisa leli kheli lakhe: Futurestar Bursary Fund, 115 Smith Street, Durban, 4001

**[30]****2.2 IKHARIKHULAMU VITHAYE (CV) kanye NENCWADI EYISIPHELEKEZELO ('Covering Letter')**

UThemba Langa (18) ofunda umatikuletsheni eSiyavaya High School ubone isikhangisi ephephandabeni iLanga okufuneka abafundi abafuna ukuba ngoweta ngamaholidi kaDisemba.

Abafuna ukufaka izicelo kufanele babe nalokhu okulandelayo:

Iminyaka ephakathi kweyi-17 kuya kweyi-19.

Akwazi ukukhuluma izilimi ezimbili noma ngaphezulu.

Akube owenza ibanga le-12.

Akabe nomazisi waseNingizimu-Afrika

Akakwazi ukusebenzisana nabanye abantu.

Akazimisele ukusebenza izikhathi ezengeziwe kunalezo ezibekiwe ngezinye izinsuku.

**Kuyavalwa mhlaziyi-10 kuNcwaba/Agasti.**

Isicelo salo msebenzi asithunyelwe kuleli kheli elilandelayo:

Dukuza Botique Hotel, Private, Bag x201, Stanger, 3280

Bhala **ikharikhulami** vithaye kanye **nencwadi eyisiphelekezelelo** usebenzise imininingwane kaThemba Langa.

**[30]**

**2.3 UMBIKO**

Kulimale abafundi ehhlo lasesikoleni sakho ngenkathi kunekhonsathi yomculo weGqomu. Manje uthishomkhulu ufuna ukwazingakho konke okwenzekile

Bhala **umbiko** ozowunika uthishomkhulu.

**[30]****2.4 INGXOXO/IDAYALOGI**

Buka lesi sithombe esilandelayo bese ubhala ingxoxo/dayalogi ephakathi kwalaba abasesithombeni.

**[30]****AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

**ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

**3.1 ISIKHANGISI**

Uvule indawo yokudla (irestoranti) enokudla kwezinhlanga ezahlukene.

Bhala isikhangiso esihehayo ukuze abantu bazodla kule ndawo yakho. [20]

**3.2 IPHOSIKHADI**

Ungomunye wabafundi abakhethwe ukuyofunda izinyanga ezimbili e-Australia ngamakhono (skills) okuthuthukisa intsha yaseNingizimu Afrika kwezemvelo. Sekuphele amasonto amabili ukule ndawo.

Bhalela udadewenu **iphosikhadi** umxoxele ngohambo lwakho. [20]

**3.3 IRESIPHI**

Buka lezi zithombe ezilandelayo bese uzisebenzisa ukubhala iresiphi yokupheka isitshulu senkomo.



Bhala **iresiphi** yokupheka isitshulu senkomo. [20]

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**